15 MARCH 2024 | KZN Community Newspaper | EST.1998 | ISSUE : 133

# KZN COMMUNITY NEWSPAPER NAMUHLA

Suite 411 Sangro House Smith Street, Durban | editor@kznnamuhla.co.za www.kznnews-namuhla.co.za | Tel: 069 439 4717 Cell: 076 390 6969 076 404 8423 | 079 467 9297 | Umlazi | Isipingo | Durban City Centre | Kwa-Mashu | Inanda uMgababa | TaxiRanks travelling to North and South of the KZN Province | Pinetown | Clermont KwaDabeka | Stanger | Pietermaritzburg | Mandeni

# UHlabisa uthi iqembu le IFP lizokwakha iNingizimu entsha engenabo ubugebengu nenkohlakalo



## OKUQUKETHWE

UMengameli uRamaphosa ugcine ebakhiphile oHlophe noMatata ezikhundleni zabo zokuba amaJaji kuleli

P3

ESITHOMBENI : UMengameli we-IFP uMnu Velenkosini Hlabisa ngosuku lwangeSonto mhlaka 10 Mashi kwethulwa iManifesto eMoses Mabhida Stadium

SHEILA MHLONGO

Iqembu lepolitiki i-Inkatha Freedom Party (IFP), yethule amaphuzu ayi-13 azosebenzela kuyo ukushintsha iNingizimu Afrika, uma inqoba ukhetho mhla ziyi-29 kuNhlaba (May), eNkundleni yezemidlalo iMoses Mabhida, eThekwini, ngomhlaka 10 Mashi.
Lawa maphuzu athulwe phambi kwezinkumbi zabantu abebethamele lomcimbi wokwethulwa komhlahlandlela waleli qembu ezosebenza ngawo, ukwakhakha kabusha iNingizim Afrika, abayichaza njengokuthi manje kayikho ezandleni eziphephile.
Le nhlangano yenze njengawo wonke amaqembu, ngenhloso yokuheha abavoti ukuthi baqome ukuvotela yona.
UMengameli we-IFP uMnu Velonkosini Hlabisa, ethula amaphuzu ayishumi nantathu (13 point plan), ufolose ngokuqeda ukucimasakonga ugesi, akuchaze njengento ebulala umnotho futhi enegalelo lokuncipha kwamathuba emisebenzi.
"Sizokuyivikela Ingonyama Trust, ukuze igcine isezandleni ezifanele ukuyisebenzisa. Siyazibophezela ukuthi ukwakha iNingizimu Afrika entsha engenabo ubugebengu, engenako ukuhlunyezwa kwabesifazane nezingane, nokuqinisekisa ukuthi siqeda inkohlakalo," kubeka uMengameli waleli qembu uMnu Velenkosini Hlabisa.
Uphinde wathembisa ukwakha amathuba emisebenzi nokuphucula imiphakathi ngokusebenzisana nabaholi bendabuko.
"Sizokwakha amathuba emisebenzi. Sizobhekelela ezempilo, siqinisekise nokuthi abantu abadala bathola imali yempesheni ezobanika isithunzi, sibhekelele nesibonelelo sezingane. Okunye esizokwenza ukunikeza imfundo mahhala. Sizoqinisekisa ukuthi ezokuphepha ziqinile," esho kanje

Isisekelo se-IFP
Inkatha Fredoom Party (IFP) inhlangano yezepolitiki esungulwe ngonyaka mhla ziyi-21 kuMbasa (Aphreli) ngonyaka we-1975, isungulwa Dkt Mangosuthu Buthelezi ngokuhlanganyela nabantu abawumnsinsi wokuzimilela eNingizimu Afrika futhi ababezimisele ngokwenza uguquko empilweni zabantu.
Le nhlangano ikwazile ukuba ngeyesine ukuthatha indawo ephalamende, kanti iyinhlangano engunamba 3, ekubeni yinhlangano yezepoliti ephikisayo, njengoba ilandela i-Economic Freedom Fight (EFF),kanti ilandelwa ngemuva yiqembu lezepolitiki i-Freedom Front Plus.
I-IFP inezihlalo eziyi-14 ephalamende, ilandela i-EFF enezihlalo eziyi-44, yona ilandelwa i-Freedom Front Plus enezihlalo eziyi-10.
I-IFP phambilini ibibizwa nge-Inkatha Yenkululeko Yesizwe.
Yakhelwa ekuhlonipheni amasiko nobukhosi bendabuko.

TO ADVERTISE WHATSUP /CALL 079 467 9297






OKUVELA KUMHLELI

# IDDP inikeze amaqembu ezepolitiki ithuba lokuchaza ngamasu awo okukhipha elakuleli ezinkingeni kowe Multi-Party Forum

SHEILA MHLONGO

Inhlangano ebhekele ukuthuthukiswa kwentando yeningi kuleli okuyi Democracy Development Program (DDP), iye yanikeza amaqembu ezepolitiki ehlukene ithuba lokuchaza ngamasu awo azowasebenzisa ukukhulula elakuleli ezinkingeni ezilikhungethe.

Njengoba eNingizimu Afrika imatasa ilungiselela usuku lokhetho oluyoba ngomhlaka 29 Meyi 2024, iDDP ibe isimema isithangami sokuxoxisana phakathi kwamalunga omphakathi, izinhlangano ezizimele(NGO's), izifundiswa, izinjula buchopho kanye nabebemele amaqembu ezepolitiki okubalwa kuwona ele IFP, DA, UDM, Action SA kanye neRise Mzansi. Lesithangami se Multi-Party forum besibanjelwe eGarden Court Hotel eThekwini ngoLwesithathu lomhlaka 13 Mashi 2024.

Evula isithangami sokuxoxisana, uDktl. Paul Kariuki onguMqondisi Jikelele we DDP, uye wachaza mayelana nenhloso yokubanjwa kwe Multi-Party Forum ukuthi kuyingxenye yomsebenzi wabo ukuthi balekelele elakuleli ukuthi lithuthukise intando yeningi ikakhulukazi njengoba kuyiwa okhethweni ukuze abantu baqonde ngamalungelo abo nokuthi bathole ithuba lokuxoxisana namaqembu ezepolitiki ukuze bakwazi ukuthatha izinqumo eziyobasiza ukuthi bavotele amaqembu abakholelwa kuwona futhi abayokwazi ukuthi uma engasenzi kahle bathole izimpendulo kuwona.

UDktl. Kariuki uthe lesithangami kusengesokuqala kwezinye abasazoqhubeka bazibambe ngaphambi kokhetho lomhlaka 29 Meyi, njengoba besazomema amanye amaqembu ukuthi nawo athole ithuba lokuxoxisana nomphakathi.

Obephethe uhlelo uSphamandla Mhlongo oyi Senior Programs Officer okunguye obehola izingxoxo weluleke amaqembu ezepolitiki ukuthi kumele achazele izethameli zezingxoxo ukuthi iyiphi indlela azokwenza ngayo ukusombulula izingikinga ezikhungethe elakuleli ngaphandle kokulokhu egxeka iqembu elibusayo.

DDP
Democracy Development Program NPC
www.ddp.org.za

***Obemele iDA uMnu Martin Meyer;*** uchaze izethembiso ze DA, wathi iyazibophezela ekuletheni ushintsho kuleli kanti lokhu izokwenza ngokuthi ivulele intsha amathuba emisebenzi, kuthi intsha engasebenzi inikizwe inkontileka yonyaka ukuze ithole ulwazi lomsebenzi,ishintshe imithetho yezabasebenzi ngoba iyona lena exosha abatshalimali bangaphandle ngoba bathi kuyabiza ukuqasha abantu beseNingizimu Afrika. Iyokwenyusa imali yesibonelelo sezingane kuthi nomama abakhulelwe bathole isibonelelo, yenze ngcono ezemfundo ukuqinisekisa ukuthi izingane zithola ithuba elanele lokufunda nokufundiswa, iqede igebe elikhona lokungalingani kuleli, kanye nokucwaswa kwabathandana nobulili obufanayo.

***Obemele iUDM, uMnu Sisa Mbeki;*** uchaze wathi nabo bayazibophezele ekuletheni izisombululo kuleli kanti lokhu bazokwenza ngokuthi baqende nya ngenkohlakalo kuhulumeni ngoba iyona ewumsuka wazozonke izinkinga ezikhungethe elakuleli. iUDM iyoqinisekisa ukuthi abantu baphila impilo elinganayo, bahlinzekwe ngezindingo zabo kungabikho umuntu ophila kangcono kunomunye. Iyosungula ibhange ngaphansi kukahulumeni eliyohlinzeka izimali kubantu abafisa ukusungula amabhizinisi emikhakha ehlukene ukuze badale amathuba emsebenzi.

***Obemele iqembu iRise Mzansi uNksz Anele Ndlovu***; uthe sekuyisikhathi sabo sokunqoba zonke izinkinga ezikhungethe iNingizimu Afrika, wathi kubona akusikho nje ukuthi babheke ukhetho lomhlaka 29 Meyi kuphela kodwa eyabo inhloso imayelana nalokho abazokwenza kusukela manje kuze kube eminyakeni emihlanu ezayo, njengoba beseyiqembu elisha.

***Obevela kwi Action SA uMnu Mbongeni Bhekiswayo***; uthe iqembu le Action SA lasungulwa emva kokubamba izingxoxo nabantu bakuleli ukuze bathole ukuthi yini abayidingayo, futhi leliqembu lizimisele ukubuyisela iphupho labantu baseNingizimu Afrika langaphambi kuka 1994.Wathi okuningi mayelana nezethembiso ngalokho abazokwenzela iNingizimu Afrika kuyodalulwa uma iqembu selethula iManifesto ngokusemthethweni.

***Obevela kwiqembu le-IFP uMnu Yaseen Carelse;*** Uthe iqembu lakhe libambisene nabantu ukuqeda izinkinga ezikhungethe elakuleli, kodwa naye uhambe emazwini kaMengameli we IFP uMnu Velenkosini Hlabisa ayethule kwiManifesto ngempelasonto, okubalwa ukuhlomulisa intsha engama graduates engaqashiwe ngesamba sika R3000 ukuze ikwazi ukubhekana nezindleko zokufuna amatoho kanye nokunye, ukuqeda nya ngenkohlakalo, kuthi abenzi benkohlakalo bakhokhiswe izimali abazintshontshile, bashintshe umthethosisekelo ukuqinisekisa ukuthi izigebengu azitholi ithuba lombuso emajele, kanti abantu bakuleli bayobekelwa amathuba emsebenzi engu 80% uma kuqhathaniswa nabantu bangaphandle.

***USolwazi uBheki Mngomezulu uthule inkulumo yokuphetha uhlelo lweMulti-Party Forum***

Esonga uhlelo lwezingxoxo ze-Multi-Party Forum uSolwazi Bheki Mngomezulu obevela enhlanganweni iCentre for the Advancement of Non-Racialism and Democracy-Canrad; uncome iqhaza leDDP, lokuhlanganisa izingxoxo phakathi kwezakhamuzi kanye namaqembu ezepolitiki wathi ukhetho akumele amaqembu ezepolitiki aluthathe njengento yokukhipha iqembu elibusayo futhi akumele enze izethembiso angeke akwazi ukuzifeza ngoba abantu bakhathele ukukhohliswa. Waphetha ngokukhuthaza abantu baseNingizimu Afrika ngokuthi kumele basebenzise ilungelo labo lentando yeningi ngokuthi baphume ngobuningi babo bayovotela iqembu abalethembayo.



UDktl. Paul Kariuki onguMqondisi Jikelele we Democracy Development Program(DDP) ngesikhathi ethula inkulumo yokuvula iMulti-Party Forum


Omile uMnu Sphamandla Mhlongo oyi Senior Programs Officer yakwa DDP obengu Mphathi wohlelo lweMulti-Party Forum kanti abahleli phansi izethameli zezingxoxo.



USolwazi uBheki Mngomezulu ethula inkulumo yokuphetha uhlelo lwe Multi-Party Forum.


Abaholi bamaqembu ehlukene ezepolitiki abebevela kwi DA, UDM, Action SA, Rise Mzansi kanye neIFP, bekanye noSolwazi Bheki Mngomezulu,uDktl. Paul Kariuki, kanye noMnu Sphamandla Mhlongo

# UMengameli uRamaphosa ugcine ebakhiphile oHlophe noMatata ezikhundleni zabo zokuba amaJaji kuleli

SHEILA MHLONGO

Ekugcineni emva komzukuzuku kugcine kukhishiwe amaJaji amabili ezikhundleni zawo okungo John Mandlakhe Hlophe kanye no Nkola Motata. Lokhu kuza emuva kwesimemezelo sikaMengameli wezwe uMnu Cyril Ramaphosa esikhishwe ngolwesine lomhlaka 7 Mashi 2024, ngenxa yesinqumo esathathwa iPhalamende ukuthi bagudluzwe ezikhundleni zabo.

Ngokusho kwesitatimende esikhishelwe abezindaba ngoLwesine lomhlaka 7 Mashi. Sithi uMengameli, uthi umthethosisekelo walelizwe uyalela ukuthi iJaji lingagudluzwa esikhundleni salo, inqobo nje, uma iJudicial Service Commission ithola ukuthi iJaji aliziphathanga kahle emsebenzini walo, noma alenzanga kahle umsebenzi walo ngaleyondlela iPhalamende lingalikhipha lisebenzisa ivoti leningi lamalunga alo elingu two third.

Isitatimende siqhuba ngokuthi uMengameli ukhiphe uJaji President Mandlakayise Hlophe wase Western Cape Division of the High Court emva kokuthi iPhalamende lithathe isinqumo sokugudluza uJaji Hlophe njengokulandela isigaba somthetho 177 (1) (b) oqukethwe kumthethosisekelo. Kanti abalelwa ku 303 amalunga ePhalamende avotele ukukhipha uHlophe esikhundleni sakhe.

Umbiko uthi iJudicial Service Commission yadlulisela udaba ePhalamende emva kokuthi iJudicial Conduct Tribunal (JCT) ithole ukuthi uHlophe wephule umthetho wesigatshana 165 okumthethosisekelo, lokhu uHlophe asolwa ngokuthi wazama ukufaka umqondo wokuthi amaJaji amabili ephule isifungo somsebenzi wawo.Lokhu okuyinto ephambene nomthetho wokusebenza kwamaJaji lapho kubhekeke ukuthi akwazi ukusebenza ngokuzimela kanye nangokwethembeka.

Nokho imizamo kaHlophe yokuthi angakhishwa esikhundleni sakhe igcine ibhuntshile, nakuba eke wazama ukuzivikela kulezizinsolo ngokuthi yena umsulwa futhi wayemane ezix



AmaJaji amabili akhishwe ezikhundleni zawo kwesokudla uJohn Hlophe kanye no Nkola Motata obesevele athatha umhlalaphansi

oxela nje nozakwabo abangamaJaji hhayi ngoba wabe ethi abenze okuphambene nomthetho kanye nesifungo somsebenzi wabo.

Khona manjalo uMengameli uRamaphosa uphinde wamemezela ukuthi usephinse wakhipha iJaji eselathatha umhlalaphansi uJustice Nkola Motata, wase Gauteng High Court Divission, naye emva kokuthi iPhalamende linqume ukumgudluza ngevoti ngenxa yokungaziphathi kahle, njengoba watholakala enecala lokushayela imoto edakiwe elenzeka ngonyaka ka 2009.

SANews.org.za

# I-IFP iqinisekisa ukuthi izongenela ukhetho kuzo zonke izifunda ezingu -9 kuleli

ZETHU PHOSWA

**IQEMBU** lezepoliti Inkatha Freedom Party (IFP) iqinisekisa ukuba sohlwini lwamaqembu azovotelwa kukhetho oluzokuba mhla ziyi-29 kuNhlaba (May).

Isigungu esiphezulu saleli qembu , sivezeze ukuthi kube yimpumelelo ukungena uhlwini lwamaqembu, azovotwelwa, ukulandela ukulandela yonke imigudu yokungenela ukhetho kwinhlangano eyengamele ukhetho ezimele Independent Electral Commision (IEC).

“I-IFP izongenela ukhetho kuzo zonke izifunda eziyi-9 futhi ingenele nokhetho lukazwe lonke. Lokhu kube yimpumelelo ukwenziwa kwayo,” ngokusho kwesitatimende esithunyelwe.

Bakusho nje lokhu bamatasatasa nemigubho yokuqinisa amaxhama nemiphakathi eyahlukene okubalwa amalokishi, amakhaya namahostela eyendulelele




Ubuholi be IFP ngosuku lwangeSonto mhlaka 10 Mashi kwethulwa iManifesto eMoses Mabhida Stadium






# Amaphoyisa athungatha umkhondo wezigilamkhuba ezidubule zabulala uXolani Chili

SHEILA MHLONGO

AMaphoyisa asePinetown eThekwini athungatha umkhondo wezigilamkhuba ezidubule zabulala uMnu Xolani Chili waseNew-German ntambama ngomhlaka 13 Febhuwari ezibuyela emsebenzini. Ngokusho kokhulumela umndeni uthi uXolani udutshulwe amahlandla ayishumi nesithupha (16) eduze nesango lomuzi wakhe, kwabe kuyamenela njalo waphelela khona lapho.

Ngokusho kokhulumela umndeni uthi nakuba bengenawo umkhondo ukuthi ingabe ubani owenze lesihluku kwilunga lomndeni, kodwa lithi ngaphambi kokudutshulwa kwakhe uXolani uke wezwakalisa ukuthi sengathi kukhona abantu abamlandelayo lokhu okwenzeke amaviki amabili ngaphambi kokuthi abulawe. UXolani ubengenazo izitha futhi engumuntu ozisebenzelayo enkampanini yezinsimbi zezimoto khona eNew Germany. Kanti ushiye emhlabeni umama wakhe nodadewabo, umkakhe kanye nezingane zakhe. “Impela siyafisa ukuthi ingalo yomthetho idlale indima yayo iphenye kabanzi ngokufa kwelungu lomndeni wethu ngoba sibuhlungu kakhulu ngendlela abulawe ngayo.” kusho ilunga lomndeni.

Ilunga lomndeni elikhulume neKZN Namuhla, lithe icala lokubulawa kuka Xolani livuliwe esiteshini samaPhoyisa ase Pinetown.

Ngesikhathi iphephandaba iKZN Namuhla lixhumana no Warrant Officer Mbambo okunguye ophethe icala uthe impela isigameko senzeka kanti necala livuliwe kusaphenywa nakuba ungakatholakali umkhondo wababulali.

Echaza uMbambo mayelana nesigameko uthi umufi uXolani wayebuya emsebenzini ehamba ngemoto yakhe okuthe uma efika esangweni lomuzi wakhe esathi uvula isango kwaqhamuka abantu ababili behamba ngezinyawo bafike bavulela ngenhlamvu, kwabe kuyamenela njalo.

Eqhuba uWarrant Officer uMbambo uthi lesigameko senzeke ngesikhathi esibi ngoba kwakune loadshedding ngezikhathi zehora lesihlanu kanti namaCamera abe engasebenzi okwenza kube nzima ukubona abadubuli. Kanti labantu abadubula babaleka bangena emotweni thizeni nayo engabonakalanga.

“Okwamanje asikabi nawo umkhondo wababulali kodwa uphenyo lona luyaqhubeka.” kuphetha uMphenyi.



# Inkampani yakwa-IQOS ILUMA yethule igajethi yokukhuthaza abantu ukuthi bayeke ukubhema ugwayi

SHEILA MHLONGO

Uma ungumuntu onephupho lokuthi ngelinye ilanga uyeke ukubhema ugwayi kodwa wehluleka ngenxa yokujwayela, ungabe usakhathazeka ngoba manje inkampani ebizwa nge IQOS ILUMA South Afrika isiqhamuke negajethi ongakwazi ukuyisebenzisa uma uzwa ukuthi uqalekile ubheme ngayo.

Ngokusho kwalenkampani yakwa IQOS ILUMA legajethi isisize abantu abaningi ababalelwa ku 20.8million emhlabeni jikelele asebekwaze ukuhlukana nomkhuba wokubhema ngenxa yendlela eyakhiwe gayo legajethi yehlisa ukuqalekela inicotine lena okuyiyo edala ukuthi umuntu ahluleke ukuphila ngaphandle kokubhema. Kanti bangu 26 .6 million abasebenzisa legajethi emhlabeni.
IQOS ILUMA yethule legajethi esithangamini sabezindaba ebesimenywe uMphathi Jikelele we IQOS ILUMA South Afrika uPhillip Moris eCabo Beach Club eCapetown ngoLwesine lomhlaka 7 March 2024.

Lowo oyi PMSA Vise President ye Sub Saharan Africa uBrainslav Bibic uthe unesiqiniseko sokuthi iSouth Africa njengezwe lokuqala ukuthola legajethi akangabazi ukuthi sekuyisikhathi sokuthi abantu bakhona bemukele lelithuba elihle lokuphila ngaphandle kokubhema ugwayi njengoba kwethulwa le IQOS ILUMA . " Nakuba bebaningi abazamayo ukuyeka ukubhema ugwayi kodwa iqiniso ukuthi iningi liyehluleka okungakho sethula lomkhiqizo ozosiza abantu ukuthi noma beqhubeka bebhema kodwa kwehle izinga lobungozi obudalwa iNicotine empilweni yomuntu." kuchaza uBibic.




# UTONGAAT HULETT UKHIPHE IMIFUNDAZE ELISHUMI (10) KUBAFUNDI ABAFUNDA IZIFUNDO EMKHAKHENI WOKUTSHALA UMOBA

SHEILA MHLONGO

Abafundi abangu-10 bakhethiwe ngemifundaze inkampani yakwa-Tongaat Hulett ukuze benze izifundo zabo emkhakheni wokutshala umoba kulonyaka mali 2024/25.
Abafundi abevile ku-50 asebehlomulile kulolohlelo lwemifundaze oluqondene nabafundi abenza izifundo zezolimo kule minyaka eyikhombisa selokhu loluhlelo lwasungulwa.
U-Snethemba Kunene, uMphathi woMnyanyo wezentuthuko yomphakathi kwa-Tongaat Hulett uveze ukuthi ukubambisana kwenkampani nesikhungo sokufundela ezolimo esibizwa nge-Owen Sitole College of Agriculture kwenze ukuthi intsha eningi eqhamuka emiphakathini etshala umoba ikwazi ukuthola imifundaze iqhube izifundo zezolimo kulo leli kolishi elaziwa njengelihamba phambili kulezi zifundo "Inhloso-ngqangi yokubambisana phakathi kuka-Tongaat Hulett kanye ne-Owen Sitole College of Agriculture ukulekelela ikolishi ukuthi libe nedumelo lokuba isikhungo esigogodile emkhakheni wokutshala umoba kusho uKunene.
Abalekelelwa ngalomfundaze kuba abafundi abanemiphumela emihle ngokwezemfundo; abafundi




abakwazi ukusungulu izinhlelo ezintsha nezithuthukisa ikoloshi kanye nemiphakathi abaqhamuka kuyo; futhi kuba abafundi abanesibindi sokugqugquzela abanye ukuthi

benze kahle ezifundweni zabo ukuze nabo bezoba sethubeni lokuqokelwa ukuthi babe yingxenye yalo mfundaze
U-Tongaat Hulett wasayinda isivumelwano sokusebenza ngokubambisana noMnyango weZolimi. Lesi sivumelwano sokusebenzisana sinalezi zihloko ezilandelayo: imfundo nokuqeqesha; ukuthuthukiswa kwabayingxenye yohlelo; kanye nokudaba lwengqalasizinda
Bonke abafundi abangaphansi kohlelo lomfundaze bayalekelelwa futhi ukuthi babe yingxenye yoluhlelo lokufunda oluqhutshwa i-South African Sugarcane Research Institute olubizwa ngokuthi i-Senior Certificate Course in Sugarcane Agriculture. Ngaphezu kwalokhu, u-Tongaat Hulett uphinde enze izincomo zokuthi abafundi abanemifundaze baphinde bahlelelwe amathuba okuthi kukhuliswe amakhono abo ngaphakathi enkampanini nakuma dlelandawonye enkampani okuhlanganisa abalimi
Kulonyaka u-Tongaat Hulett uzibophezele ekumukeleni nasekuqeqesheni abafundi abayisithupha ababizwa ngokuthi ama-agricultural interns. Lolohlelo luyingxenye yesivumelwano u-Tongaat Hulett anaso no-AgriSETA
Ngaphambilini u-Tongaat Hulett uke wabeka eceleni imali elinganiselwa kwizigidi eziyisishiyagalombili ukuze kusungulwe uhlelo lokukhiqiza imbewu yomoba esebenzisana ne-Owen Sitole College of Agriculture. Ngaloluhlelo inkampani yayizokwazi ukwedlulisela amakhono okutshala umoba kubafundi bezolimo ibe futhi inkampani ilekelela abalimi ukuthi bakwazi ukuthola imbewu eduze ngamanani angcono.
UKunene uthe "inkampani izimisele ukukhuthaza intuthuko kusetshenziswa ezolimo ezindaweni inkampani esebenza kuzo. Inkampani iyakubona ukubaluleka kokwenza izindlela lapho abantwana abahlala ezindaweni zasemakhaya benakho ukufinyelela ekutholeni imfundo esezingeni. Ukusebenza ngokubambisana nezikhungo zezemfundo ikakhulukazi amakolishi ezolimo kuzolekelela inkampani ukuthi ikwazi ukungenelela kuzo izinhlelo ezihlonzwe nguHulumeni njengezibalulekile kuhlanganisa ukusungulwa kwamathuba emisebenzi, ukuthuthukiswa kwamakhono kanye nokuqeda ububha.

Issued on behalf of Tongaat Hulett by:
Yogin Devan
Meropa Communications
031-2010550 or 083 3263962
yogind@meropa.co.za



kznnamuhlanews.co.za
KZN Community Newspaper
editor.kznnews@gmail.com
079 467 9297

TO ADVERTISE
Legal And
Property
Adverts
Call Or
Whatsup Sbu
079 467 9297
069 349 4717

KZN COMMUNITY NEWSPAPER NAMUHLA

CONTACT US
The Director : Miss Sheila Mhlongo
076 390 6969
sheilamhlongo@gmail.com
KZN Community Newspaper
079 467 9297
www.kznnamuhlanews.co.za
Suite 411, Sangro House
417 Smith Street , Durban

Iphephandaba i -KZN Community Newspaper lihambisana nemigomo ebekiwe kwi - press code ethi izindaba ezishicilelwe kuleliphephandaba kumele zihlale ziyiqiniso.
zisho into okuyiyo futhi zingachemi
Press Council


PUBLISHING EDITOR
Sheila Mhlongo
076 390 6969 / 069 349 4717
editor.kznnews@gmail.com


PR & MARKETING
Gugu Mhlongo
069 349 4717
gugum.kznnews@gmail.com


OPERATIONS MANAGER
Sibusiso Mamba
0764048423
advertising.kznews@gmail.com

# Injabulo uMasipala weTheku evula ihholo lomphakathi eVerulam ku Wadi 61

SHEILA MHLONGO







**Izakhamizi zaseMhlasini, eVerulam kuWadi 60 zijabulele ukuvulwa kwehholo lomphakathi ngoLwesine ,lomhla ka-7 Mashi 2024. IMeya yeTheku, uKhansela Mxolisi Kaunda, ithe leli hholo lizoba wusizo njengoba umphakathi usuzoba nendawo yokuhlanganyela esezingeni elihloniphekile.**

**"Kuhle ukubambisana nomphakathi. Sizimisele ngokuqhubeka nokuletha intuthuko emphakathini. Ngokubambisana no Khansela Fakazi Mdletshe, sizoyilungisa indaba yamanzi kanye nogesi kule ndawo. Ngeke sihluleke," kusho uMeya Kaunda.**

# UMasipala weTheku kuye kwadingeka uvule izindawo zokulahla imfucuza zesikhashana ngenxa yesiteleka sabasebenzi

SHEILA MHLONGO

Ngenxa yokuphazamiseka kokuqoqwa kukadoti okudalwe yisiteleka sabasebenzi esingekho emthethweni, uMasipala weTheku kuye kwadingeka ukuthi uze uvule izindawo zesikhashana zokulahla imfucuza ezibizwa ngama-landfill sites, ukuze umphakathi ukwazi ukulahla imfucuza kule ndawo mahhala.

Izakhamizi zizokwazi ukusebenzisa lezi zindawo kuze kube umsebenzi wokuqoqwa kukadoti usubuyele esimweni esejwayelekile. Amabhizinisi nawo avumelekile ukusebenzisa i Buffelsdraai kanye be Lovu landfill site.

Umphakathi ungasebenzisa lezi zindawo ezilandelayo:

1. I-Mariannhill Landfill Site – ku-1 Landfill Lane, eMariannhill
2. I-Bisasar Road Landfill Site – ku-1 Dhulam Road, eSpringfield
3. I-Buffelsdraai Landfill Site – ku-1 Buffelsdraai Lane, Iqadi Farm, eVerulam
4. ILovu Landfill Site – Off D982 Illovo Farm, eLower Illovo

Izikhathi zokusebenza ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu wu-7 ekuseni kuya ku-4:30 ntambama

NgoMgqibelo nangeSonto kuvulwa ngo-7 ekuseni kuya ku-3:30 ntambama.

UMasipala umatasatasa nomsebenzi wokuhlanza izindawo ezahlukahlukene.

Siyaxolisa ngalokhu kuphazamiseka futhi sicela izakhamizi zisibekezelele.




## ERF 2545 MANOR

NOTICE APPLICATION FOR LOST OR DESTROYED DEED IN TERMS OF REGULATION 68(1) OF THE DEEDS REGISTRIES

Notice is hereby given in terms of Regulation 68 of the Deeds Registration Act 1937 of the intention of Nomzamo Adelaide Sithole in the capacity on the representative in the estate of the late Mkunjini Kuzwayo.Estate No.011064/2023, to apply for the copy of Deed of Transfer T3708/1941 passed by CLERMONT TOWNSHIP(PROPRIETARY) LIMITED , in favour of Kuzwayo Mkunjini, Identity Number: 220704 in respect of ERF 1397 CLERMONT, REGISTRATION DIVISION FT, PROVINCE KWAZULU- NATAL, IN EXTENT 468 (FOUR HUNDRED AND SIXTY EIGHT)SQUARE METRES which has been lost or destroyed

ALL interested person having objection to the issue of such copy are hereby required to lodge the same in writing with Registrar of Deeds at Pietermaritzburg new Supreme Court Building, 300 Pietermaritz Street.,Pietermaritzburg within two weeks from the date of publication of this notice …Dated at Durban this 11th of December 2023


Application: BN BUSAKWE ATTORNEYS
Address: Suit 301, Denor house,356 smith Street,
Durban,4001
Email: sbusisokhanyile@gmail.com
Tel: 031 301 0974




# EZE MANIFESTO YE-INKATHA FREEDOM PARTY ZIXOXWA NGEZITHOMBE

**UMengameli we Inkatha Freedom Party uMnu. Velenkosini Hlabisa,wethule iManifesto yeqembu phambi kwezinkulungwane zabamalunga kanye nabalandeli be IFP abebegcwele phama inkundla iMoses Mabhida Stadium ngeSonto lomhlaka 10 Mashi. Kanti ngaphezu kwezethembiso zeqembu uma kwenzeka abavoti belinika ithuba lokubamba izintambo zombuso , izihambeli zeRally ziphinde zajabuliswa ngomculo wosaziwayo. Izithombe zixoxa kangcono udaba kanti zithathwe kwi -IFP Facebook Page**















# U-Menzi Ngcobo umethuli wezinhlelo zezindaba ngaphansi komsakazo iKhwezi FM

SHEILA MHLONGO

UMenzi Ngcobo umethuli wezinhlo zezindaba ngaphansi omsakazo Khwezi FM kusukela ngonyaka ka2022 emva kokusebenza unyaka owodwa ngo2012. Uzalelwa KwaMashu eThwekeini ogwini lwesifundazwe kodwa inkaba yakhe iseNgudwini ngaphansi kwaseShowe. Uqede izifundo zakhe zobuntatheli ngonyaka ka2009 nokulapho waqala khona ukusebenza njengomfundi wezindaba kumsakazo oseThekwini iVIBE FM.
Njengamanje uNgcobo wethula wethula izinhlelo zezindaba eMsakazweni Ikhwezi FM, Ezasekuseni olungena ngo 05h30-06h30 kanye neZinohlonze ngo 13h05-13h40 kusukela ngomsombuluko kuya kulwesihlanu. Lezinhlelo zombili zisebenza ukuthulela umlaleli izindaba ezithinta umphakathi ezihlanganisa Inthuthuko yomphakathi, ezomnotho, ukufundisa ngezobusayensi kanye nezinye izinto eziningi ezithinta umphakathi.
Ngale kwalokho ubuye abeNgumsunguli kanye nomqondisi wenkampani Ulibo Legacy Media okuyinkampani ebhekelele ukuthuthukisa amaciko ngakwezokulingisa kanye nokuhlelwa kwemicimbi kanjalo nokubhalwa kanye nokuqoshwa kwemidlalo eyahlukene.
Into emenza abe uyena ukuthi uyabathanda abantu futhi uzama ngakho konke ukuthi asize lapha angasiza khona.
Ungumuntu othanda izinselelo ngoba uyafunda kuzona. "Ngikhule ngibukela kubantu abaphile phambu kwami abafana no Xolani Gwala ongasekho, uZamambo Mkhize kanye noNambitha Mpumulwane".

Ukulalela i-Radio Khwezi ungangena ku internet ulalele www.khwezi.org.za noma uma umaphakathi nesifundazwe ulalele ku 90.5 & 107 FM uthole khona ukondleka ngolwazi, ezemidlalo, ngomculo wokholo kanjalo nokudla komphefumulo ngezinsthumayelo.

TO ADVERTISE CALL:
079 467 9297



# ULuyanda Fakazi we Hip pop ucela usizo lwe Record label deal

SHEILA MHLONGO

ULuyanda Fakazi(23) owaziwza ngo Jay Cross Rsa Ucula umculo we Hip Pop kanye naMapiano ngiphinde enze namaBit okuculwa kuwo uzalelewe wakhulela kwaMaphumulo kwaZulu Natal ngo 2019 waya eThekwini ukuyozama umculo kanye nokufunda ngezomculo
ubenza izifundo ze Marketing eBerea Technichal College uthando lomculo luqale esafunda isikole eMaphuphesizwe lapho aye performa khona.
Umsebenzi aseke wawukhipha izingoma eziyiskhombisa ezibala khona *angboni lapho kukhona no destroyer no yungbless nabo abadabuka kamaphumulo
*voom voom vaya
*durb Phumendlini
*abangani
ngifisa abantu bazi kuthi umuntu ozikhululekele othanda umculo nokujabulisa abantu ngephimbo elimtoti ufisa nokuvusa ikhaya ngomculo ngicela usizo ngezinsiza zokwenza umculo noma ngithole iRecord Lable Deal

Umculo wakhe uyatholakala ku Youtube naku Audiomark naku Tubidy
Cell/whatsaap : 0634749794
Facebook page : jay cross rsa
Instagram page : jay cross rsa
Tick Tok :jay cross rsa

TO ADVERTISE CALL:
079 467 9297






# UGugulethu Mbhele ocula umaskandi ucela usizo loku promoter umculo wakhe

SHEILA MHLONGO

UGugulethu Mbhele (25) stage name Makhwapheni wenza umculo ka Maskandi. Uzalelwe eMkhomazi esigodini saMahlubi usezinze eNtshongweni esigodini kaBlaweni "Side kakhulu isikhathi ngisendimeni yomculo uma ngingaphosisi 2003 ,ngonyaka 2018 ngakhipha album esihloko sithi Amatshe ,ngo 2023 ngakhipha esihloko esithi Ngilunge ngamabomu owami umculo wehlukile angilingisi omunye umculi "
Ngidanga usizo loku promoter umsebenzi wami

Youtube : Makhwapheni Ngilunge ngamabomu
Facebook :Sompisi Makhwaphen
Call / whatsaap 0833523426






KZN COMMUNITY NEWSPAPER NAMUHLA
15 MARCH 2024
ISSUE: 133

# Ezemidlalo

ABC GR Grassroots CERTIFIED PRINT RUN

## Kutheleke uMengameli wezwe ku Soweto Derby kwanyakaza inkundla

SBU MAMBA

Wamukelwe ngenkulu inhlokomo uMengameli wezwe uMnu Cyril Ramaphosa etheleka eFNB Stadium ngoMgqibelo ntambama emdlalweni weligi obuphakathi kwe Kaizer Chiefs ne Orlando Pirates.
Ubengahambi yedwa uMengameli ubephelezelwa uNgqongqoshe wezimidlalo uMnu Zizi Kodwa kanye noMengameli weSAFA uMnu Danney Jordan.
Abalandeli babheme bakholwa ku Soweto Derby yalonyaka ebisezingeni eliphezulu kakhulu, ibihanjelwe abaphathi bezwe , izikhulu ezphezulu ebholeni lakuleli , bekunandisa abaculi abahlonishwayo i TKZEE nabadansi, waphinde wabamnandi umdlalo ashaywa amagoli , noma igcine ishaywe ngo 3-2 Impofana iKaizer Chiefs kunqoba ezika Magebhula iOrlando Pirates kodwa okusalayo ubumuhle umdlalo kade kwagcina ukuthi iSoweto Derby ibe namagoli awu 5 ivamise ukuphela nge draw enganamagoli kwesinye isikhathi kube igoli elilodwa ngapha negoli elilodwa ngale.

Isiwombe sokuqala besiphethwe yiKaizer Chiefs esesibili kwakhonya iPirates , iChiefs iye ekhefini ihamba phambili ngamagoli amabili kwelilodwa ashaywe unyazi lomgadli waMakhosi u Ashely Dupreez , ngesiwombe sesibili kushintshile ukudla epletini ahlasela ngamandla aMabhakabhaka igoli le Zimnyama lokulinganisa libekwe enethini u Thabiso Lebitso emthenge ku Chippa United kodwa iqhawe kube uMonapule Saleng ophule izinhliziyo zaba bafana bokuthula noxolo eshaya igoli lesithathu yanqoba kanjalo iPirates ngo 3-2 bajabula abalandeli be zakamagebhula nomqeqeshi uJose Reviero , umqeqeshi waMakhosi uphume ngesamagundwane eFNB Stadium abalandeli bempofana bedinwe begane unwabu ulamumelwe amaphoyisa abalandeli be Chiefs befuna kumshaya bephosa namabhodlela enkundleni.


Umengameli wezwe uMnu Cyril Ramaphosa noNgqonqqoshe wezemidlalo uMnu Zizi Kodwa bebukela iSoweto Derby eFNB Stadium


## UMidendorp uthi iCapetown Spurs ayiyi ehlathini

SBU MAMBA

Kubukeka sengathi umqeqeshi osemkantshubomvu uErnest Midendorp uzoyitakula iCapetown Spurs elengela ezembeni. Lensizwa edabuka eGerman ifike ngonyaka odlule ku Spurs isimo sisibi kakhulu kuleliqembu kumbulwa kwembeswa kodwa manje kushintshile ukudla epletini iSpurs isidlala ibhola elinenkosi phakathi.

UMiddendorp uthi Capetown Spurs esemsileni ku Log ye DSTV Premiership ayiyindawo , Isipiliyoni nobuhlakani balomqeqeshi sisize iSpurs kuthi sibhaxabule usuthu olumabheshankone Amazulu FC baphinde baqumba phansi ezika Tim Sukazi i-TS Galaxy base badlala ngokulingana naMabhakabhaka i Orlando Pirates , lemiphumela emihle kanje isibuyise amathemba kubalandeli baleliqembu lase Kapa ukuthi basengalivika izembe .

UMidendorp unomlando wokutakula iqembu sekuvalwe amehlo , ngo 2015 wathatha umsebenzi ku Maritsburg United eyayiqeqeshwa uFahlu Davids isimo sibheda ku Team of Choice ihleli emsileni kodwa ngobucwepheshe bakhe wabhaxabula ezenkosi iJomo Cosmos yakwazi ukuvika izembe iMaritsburg United. Uthe akafuni ukathembisi izulu nomhlaba kodwa ngokubambisana nabadlali bakhe ngo April unethemba ukuthi iCapetown Spurs izobe isisukile emsileni we Log ku DSTV



Ungasilandela ezinkundleni zethu zokuxhumana
KZN COMMUNITY NEWSPAPER NAMUHLA
KZN Community Newspaper
@CommunityKZN
FOLLOW ME
079 467 9297
www.kznnamuhla.co.za

MABANGA HERBALIST
Uhlupheka kanjani zibezikhona izigubhu zemali ezingenabo ubungozi?
Imali esheshayo yona engena ebank noma endlini, hlanganisa inkanyiso uze kumina usele kanjan abantu besizakala. masikhohlwe indlala nenhlupheko woza ngikusize uke ungenelwe noma u R100k njalo ngosuku noma i-Million njalo ngeviki woza ukhulume nezigubhu zihambe ziyokulandela isthandwa sakho noma zihambe ziyokubambela iTender kamasipala leli ohlale ulifuna, (Qinisa umzimba, umuzi, izimfuyo, Kanye nomuntu wakho ukuthi engalali nanoma ubani, thola ingane, umshado. khipha isidliso, sendawan oil, khipha umuntu ejele, wina icala/casino noma ipowerball.. SENZA NOKUNYE OKUNINGI
Noma ubani makabe isigwili
CALL/WHATSAAP
0715273665